



Edition 79  
IsiZulu, English

It starts with a story...

## Story Power: The good news

We all know that stories play an important role in our lives. And, if you read and tell stories with children regularly, you'll also know how enjoyable and satisfying you all find this. But did you know that children get lots of other benefits from reading and listening to stories? Here are 10 important things about the power of stories that we'd like to share with you.

### Izindaba ezimnandi ngezindaba

Sonke siyazi ukuthi izindaba zineqhaza elibalulekile ezimpilweni zethu. Kanti uma nifunda nibuye nixoxe izindaba njalo nezingane, nizokwazi ukuthi nonke nizokuthola lokhu kuthokozisa, nazi nokuthi kugculisa kangakanani. Kodwa ngabe bewazi nje ukuthi izingane zibuye zizuze kanjani ngokufunda kanye nokulalela izindaba? Nazi izinto eziyi-10 ezibalulekile ngamandla ezindaba esingathanda ukwabelana nawe ngazo.

#### 1

**Reading aloud with children is known to be the single most important activity for building the knowledge and skills they will eventually need for learning to read.**

Ukufunda kakhulu nezingane kwaziwa njengomsebenzi owodwa obaluleke kakhulu ekwakheni ulwazi namakhono eziyogcina ziwadinga ukuze zifunde ukufunda okubhaliwe.

#### 2

**Just 15 minutes of reading to your children each day can expose them to one million written words in a year!**

Ukufundela izingane zakho imizuzu eyi-15 nje kuphela ngosuku ngalunye kungazivulela ekwazini amagama abhaliwe ayisigidi ngonyaka!

#### 3

**Research shows that children who are read to at home before they begin school, are more likely to be successful at school.**

Ucwaningo lukhombisa ukuthi izingane ezifundelwayo ekhaya ngaphambi kokuqala ukufunda zinamathuba amaningi okuphumelela esikoleni.

#### 4

**Storytelling and reading expose children to a special form of language which is rich and complex. It deepens their knowledge of language and how we use it, and offers them new ways of expressing themselves.**

Ukuxoxa izindaba kanye nokufunda kungavulela izingane ohlotsheni olukhethekile lolimi olunothile futhi olunzulu. Kujulisa ulwazi lwazo lolimi kanye nendlela esilusebenzisa ngayo, futhi kuzikhombisa izindlela ezintsha zokuzwakalisa imizwa yazo.

#### 5

**By the time children are two years old, they have learnt 75% of what they will learn in their lifetime. So, whether your baby is chewing on a board book or your toddler wants you to tell the same story over and over again, when you read and tell stories, your children are gaining essential knowledge about language and stories that will also benefit them later.**

Lapho izingane sezineminyaka emibili, zisuke sezifunde ama-75% alokho ezizokufunda impilo yazo yonke. Ngakho, noma ngabe umntwana wakho uluma incwadi, noma ingane yakho ekhasayo ifuna ukuthi uyixoxele indaba eyodwa, ude uyiphinda, uma ufunda noma uxoxa izindaba, izingane zakho zizuza ulwazi olubalulekile ngolimi kanye nezindaba, eziyosizakala ngakho esikhathini esizayo.

#### 6

**Children are more likely to continue to be readers in homes where books and reading are valued.**

Izingane zinamathuba amaningi okuqhubeka zibe ngabafundi emakhaya lapho kwaziswa khona izincwadi nokufunda.

#### 7

**When stories and reading feel good to children, they become readers. We all repeat things that are pleasurable.**

Uma izindaba kanye nokufunda kuzwakala kuyinto enhle ezinganeni, ziba ngabafundi abahle bokubhaliwe. Sonke siyaziphinda izinto ezimnandi.

#### 8

**Children who read a lot instead of watching television, can concentrate for longer.**

Izingane ezifunda kakhulu esikhundleni sokubuka umabonakude, zikwazi ukunamathela isikhathi eside entweni ezibhekene nayo.

#### 9

**Children who hear stories, whether the stories are told or read, are the first to form abstract concepts in different subjects at school. In other words, listening to stories makes you more brainy!**

Izingane ezizwa izindaba, okungaba yizindaba ezixoxwayo noma ezifundwayo, yizona ezihamba phambili ekuthuthukeni komqondo obamba okujulile ezifundweni ezahlukene esikoleni. Ngamanye amazwi, ukulalela izindaba kukwenza ukhaliphe!

#### 10

**The children of parents and caregivers who believe that reading is something you do for pleasure, will have more positive views about reading than those whose parents only think of reading as a set of skills.**


Izingane zabazali kanye nabanakekela izingane abakholelwa ekutheni ukufunda yinto oyenzela ukuzithokozisa, zizocabanga ngokwakhayo ngokufunda kunalezo zabazali abacabanga ngokufunda njengelinye lamakhono nje.

**INSIDE** Win a R100 gift card from Jet!  
**NGAPHAKATHI** Wina ikhadi lesipho lakwa-Jet elibiza i-R100!



Drive your imagination

Story Power. Bring it home. Walethe ekhaya amandla endaba.





# The Nal'ibali bookshelf



Famous South African storyteller, Gcina Mhlophe, celebrates her birthday in October and we'd like to celebrate her amazing talent for sharing stories by telling you about three of her storybooks.

*Our Story Magic* and *Stories of Africa* (University of KwaZulu-Natal Press) are both collections of wonderfully told and beautifully illustrated traditional African folk tales. These stories are great for reading aloud to groups of children, but work just as well as stories for sharing at home with your own children. Both books are available in English, and *Stories of Africa* is also available as audio stories on CD in Xhosa, Zulu and English.

Let your children journey with young Zoleka in *Hi, Zoleka!* as she prepares to recite a verse from the Bible in front of the whole church on Palm Sunday! Will she remember all the words? This storybook is available in English, Afrikaans, Xhosa and Zulu.



# Ishalofu lezincwadi lakwaNal'ibali

Umxoxi wezindaba waseNingizimu Afrika odumile, uGcina Mhlophe, ugubha usuku lwakhe lokuzalwa ngoMfumfu, nathi singathanda ukugubha ithalente lakhe elimangazayo lokuxoxa izindaba ngokunitshela ngezincwadi zakhe zezindaba ezintathu.

I-*Our Story Magic* ne-*Stories of Africa* (University of KwaZulu-Natal Press) zombili zingamaqoqo ezinganekwane zase-Afrika ezixoxwa kamnandi futhi ezidwetshelwe kahle. Lezi zindaba zikulungele kakhulu ukufundelwa kakhulu amaqembu ezingane, kodwa zisebenza kahle kakhulu futhi njengezindaba ongabelana ngazo nezingane zakho ekhaya. Zombili lezi zincwadi zitholakala ngesiNgesi, kanti ethi: *Stories of Africa* iyatholakala nanje ngezindaba ezilalelwayo eziku-CD ngesiXhosa, isiZulu nesiNgesi.

Vumela izingane zakho ukuthi zihambisane nenganyana enguZoleka endabeni ethi *Sawubona, Zoleka!* lapho ezilungiselela ukuyazi ngekhandu indima yaseBhayibhelini bese eyisho phambi kwabo bonke abantu esontweni ngeSonto lamaSundu! Ngabe uzokwazi yini ukukhumbula wonke amagama? Le ncwadi yezindaba itholakala ngesiNgesi, isiBhunu, isiXhosa nesiZulu.

## Know your Nal'ibali characters

All the Nal'ibali characters use reading and writing as part of their everyday lives. Do you? Read about how Dintle experiences the power of stories and books and then enter the competition to win a gift card from Jet!

Dintle is the baby of the Nal'ibali family! Although she is only 9 months old, she already loves books and gets very excited when her mother reads to her every day after breakfast.



## Yazi abalingiswa bakho bakwaNal'ibali

Bonke abalingiswa bakwaNal'ibali basebenzisa ukufunda nokubhala njengengxenyane yempilo yabo yansuku zonke. Wena-ke? Funda ngokuthi uDintle uwathola enjani amandla ezindaba kanye nezincwadi bese ungenela umncintiswano ukuze uwine ikhadi lesipho lakwa-Jet!

UDintle ungumntwana wasemndenini wakwaNal'ibali! Noma enezinyanga eziyi-9 kuphela, uvele useyazithanda izincwadi, futhi ujabula kakhulu uma umama wakhe emfundela njalo ngemuva kwesidlo sasekuseni.

## Win! Wina!

To stand a chance of winning one of four Jet Gift Cards worth R100 each, send us the word "Dintle" and tell us how old children should be when you start reading to them. Email your answer to [letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org), or SMS it to 32545 (standard data rates apply). Competition closes on 13 November 2014.

Ukuze uziwinele enye yamaKhadi Ezipho akwa-Jet abiza i-R100 lilinye, sithumelele igama elithi "Dintle" bese usitshela ukuthi izingane kumele zibe ndala kangakanani lapho uqala ukuzifundela. Thumela impendulo yakho nge-imeyli ku-[letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org) noma uyithumele nge-SMS ku-32545 (kusebenza imali enqunyiwe yokukhokhela i-data ejwayelekile). Umncintiswano uvala mhla ziyi-13 kuLwezi wezi-2014.



**Clue:** Visit the "Reading & storytelling tips" section on the Nal'ibali website to find the answer.

Go to: [http://nalibali.org/reading\\_story\\_topics/when-you-should-start-reading/](http://nalibali.org/reading_story_topics/when-you-should-start-reading/)

**Ake sikunike icebo:** Vakashela isigaba esithi "Reading & storytelling tips" kusizindalwazi sakwa-Nal'ibali ukuze uthole impendulo.

Iya ku-: [http://nalibali.org/reading\\_story\\_topics/when-you-should-start-reading/](http://nalibali.org/reading_story_topics/when-you-should-start-reading/)


Terms and conditions: To enter, you must be 16 years or older. Employees of PRAESA are not eligible to enter. Imigomo nemibandela: Ukuze ungenele umncintiswano, kumele ube neminyaka eyi-16 noma ngaphezulu. Abasebenzi bakwaPRAESA abavumelekile ukuwungenela.

## Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

## Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Buya, Kati! Unani?



Come back, Cat! What have you got?

Fold

Buya, Kati! Akukhona okwakhona lokho.



Come back, Cat! That's not yours.

We believe every child should own a hundred books by the age of five.

Become a book-sponsor and help change the world.



Get involved at [bookdash.org](http://bookdash.org)



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



# Come back, Cat! Buya, Kati!




Karen Lilje Nicola Rijsdijk  
Sam Scarborough

Fold



Come back, Cat!  
Buya, Kati!

Fold



Come back, Cat! Play with me.  
Buya, Kati! Dlala nami.

Fold

That's not your friend!  
Akuyena umngani wakho lowo!




Cat?  
Kati?

Sit in your basket. Stay right here!  
Hlala kubhasikidi wakho. Hlala la!

Come back, Cat! Don't go outside.  
Buya, Kati! Ungayi ngaphandle.



Hello, Cat! Are you back?  
Sawbona, Kati! Ngabe usbuyile?



Come back, Cat! That's way too high.  
Buya, Kati! Kuphezulu kakhulu lapho.



Stay in your basket. It's nap time now.  
Hlala kubhasikidi wakho.  
Sekuyisikhathi sokulala manje.



## Get story active!

You can share *Come back, Cat!* with your children in different ways. As you read the story, draw their attention to the details in the illustrations by commenting on them or asking questions such as the following.

- page 4:** What do you think the cat is doing?
- pages 6 and 7:** What is the cat doing? Do you think he is enjoying himself?
- page 8:** Oh dear! What a naughty cat! What is he doing now?
- page 9:** (Point to the cat's tail.) Look! He's still got the wool from the sock wrapped around his tail.
- page 12:** Look at all those feathers! Who do you think they belong to?
- page 15:** What is the cat doing now? Why do you think he is so tired?

Here are some ideas for after you have read the story.

- Let older children read the book in their mother-tongue first and then in the other language of the supplement.
- Suggest that your children create their own stories based on this story, but using another animal as the main character, for example, *Come back, Frog!* Let them draw the pictures and write the words for their "new" stories.



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Ungabelana ngendaba ethi *Buya, Kati!* nezingane zakho ngezindlela ezahlukene. Ngesikhathi ufunda indaba, zikhombise imininingwane esemidwebeni ngokuthi uphawule ngayo noma ngokubuza imibuzo efana nale elandelayo.

- ikhasi lesi-4:** Ngabe ucabanga ukuthi lenzani ikati?
- ikhasi le-6 nele-7:** Lenzani ikati? Ngabe ucabanga ukuthi lithokozile?
- ikhasi lesi-8:** Awu hhe! Laze laganga ikati! Lenzani manje?
- ikhasi lesi-9:** (Khomba umsila wekati.) Bheka! Lisenewuli yesokisi ebelisonge umsila walo.
- ikhasi le-12:** Bheka zonke lezo zimpaphe! Ngabe ucabanga ukuthi ezikabani?
- ikhasi le-15:** Lenzani ikati manje? Ucabanga ukuthi yini likhathele kangaka?

Nanka amanye amacebo ongakwenza ngemuva kokufunda indaba.

- Vumela izingane ezindadlana ukuthi ziqale ngokufunda incwadi ngolimi lwasekhaya bese ziyifunda ngolunye ulimi lwesithasiselo.
- Phakamisa ukuthi izingane zakho zizenzele izindaba zazo ezizisusela kule ndaba, kodwa zisebenzise esinye isilwane njengomlingiswa omkhulu, isibonelo, *Buya, Selesele!* Zivumele ukuthi zidwebe izithombe nokuthi zibhale amagama ezindaba zazo "ezintsha".

## Reading club corner

Are you looking for a focus for each of your reading club sessions in November? Choose from the dates below and then plan activities around it or try some of the ones suggested below.

**November International Picture Book Month** Let the children act out the story of their favourite picture book.

**13 November World Kindness Day** Encourage children who can already read to read a story to a child not yet able to read for themselves.

**15 November Children's Grief Awareness Day** Suggest that the children write a story or poem (or draw a picture) about something sad that has happened in their lives. Visit the Nal'ibali "Recommended reads" section at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) for our list of recommended reads to help children dealing with grief, loss and illness.

**16 November International Day of Tolerance** Share a story you know that demonstrates how important it is for all of us to be understanding and tolerant of others, especially those we do not necessarily agree with.

**21 November World Hello Day** Let the children make and decorate your reading club space with "hello" posters. Encourage them to write and decorate this greeting in all of South Africa's official languages as well as other languages spoken by the children at your club.

**28 November Buy Nothing Day** Suggest that the children make their own storybooks that they can read to others.



## Ikhona leThimba Lokufunda

Ngabe nifuna eningagxila kukho ekuhlenganeni ngakunye kwethimba lenu lokufunda ngoLwezi? Khethani kulezi zinsuku ezingezansi bese nihlela imisebenzi enizoyenza ngazo noma nizame okunye kwalokhu okuphakanyiswe ngezansi.

**ULwezi Inyanga Yomhlaba Wonke Yezincwadi Zezithombe** Vumela izingane ukuthi zilingise indaba evela encwadini yazo enezithombe eziyithandayo.

**Umhla ziyi-13 kuLwezi Usuku Lomhlaba Wonke Lokukhombisa Umusa** Khuthaza izingane esezikwazi ukufunda ukuthi zifundele ingane engakwazi ukuzifundela indaba.

**Umhla ziyi-15 kuLwezi Usuku Lokuqwashisa Izingane Ngosizi** Phakamisa ukuthi izingane zibhale indaba noma inkondlo (noma zidwebe isithombe) mayelana nento ebanga usizi eseke yenzeka ezimpilweni zazo. Vakashela esigabeni esithi Nal'ibali "Recommended reads" ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) ukuze uthole uhlu lokunconywa ukuthi ungakufunda ukuze usize izingane ukuba zibhekane nosizi, ukulahlekelwa nokugula.

**Umhla ziyi-16 kuLwezi Usuku Lomhlaba Wonke Lokubekezelelana** Yabelanani ngendaba ekhombisa ukuthi kubaluleke kangakanani ukuthi sonke sibaqonde futhi sibabekezelele abanye, ikakhulukazi labo esingavumelani nabo.

**Umhla zingama-21 kuLwezi Usuku Lomhlaba Lokuthi "Sawubona"** Vumela izingane ukuthi zenze okuthile bese zihlobisa ngakho indawo yethimba lakho lokufunda ngamaphosta abhalwe ukuthi "sawubona". Zikhuthaze ukuthi zibhale bese zihlobisa ngalesi sibengelelo ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni kanye nezinye izilimi ezikhulunywa yizingane ethimbeni lakho.

**Umhla zingama-28 kuLwezi Usuku Lokungathengi Lutho** Phakamisa ukuthi izingane zizenzele ezazo izincwadi zezindaba ezizozifundela abanye.

**How have books and stories shaped your life and your children's lives?** Have they helped you to explain a difficult situation to your child? Or has discovering a favourite story encouraged your children to read and helped improve their reading at school? Tell us on Facebook ([www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)), or Twitter ([www.twitter.com/nalibaliSA](http://www.twitter.com/nalibaliSA)) using the hashtag #StoryPower, or email us at [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org) and we could feature how stories have made an impact on your life!

**Ngabe izincwadi nezindaba ziyibumbe kanjani impilo yakho neyizingane zakho?** Ngabe zikusizile ukuthi uchaze isimo esilukhuni enganeni yakho? Noma ngabe ukuthola incwadi izingane zakho eziyithandayo kukhuthaze izingane zakho ukuthi zifunde, futhi kwazisiza ukuthi zithuthuke ekufundeni kwazo esikoleni? Sitshele ku-Facebook ([www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)), noma ku-Twitter ([www.twitter.com/nalibaliSA](http://www.twitter.com/nalibaliSA)) usebenzisa u-hashtag #StoryPower, noma usithumelele i-imeyli ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org) futhi kungenzeka sishicilele ukuthi izindaba zibe namthelela muni empilweni yakho!



## Story corner

Here is the final part of the story about the old woman who asked for help when trying to get her pig home before night time.

### The old woman and her pig (Part 2)

Retold by Wendy Hartmann

By now the old woman was getting angry – no one would help her! So she took a rope out of her pocket and said, "Rope, Rope, please tie up the butcher. The butcher won't take the ox away. The ox won't drink the water. The water won't splash the dog. The dog won't chase the pig. The pig won't get over the fence, and I see the moonlight. The pig and I should have been home hours ago!"

But the rope would not tie up the butcher.

Just then a mouse ran across the field, and the old woman called, "Mouse, Mouse, please chew the rope. The rope won't tie up the butcher. The butcher won't take the ox. The ox won't drink the water. The water won't splash the dog. The dog won't chase the pig. The pig won't get over the fence and the moon is already high in the sky. The pig and I should be getting ready for bed by now."

The mouse stopped. He looked at the old woman. "Yes," said the mouse, "I will chew the rope, if you will give me some cheese."

So the old woman put her hand deep into her pocket, felt around a bit and then pulled out a tiny piece of cheese which she gave to the mouse. And when the mouse had eaten the cheese, it began to nibble at the rope; the rope began to tie up the butcher; the butcher began to lead the ox; the ox began to drink the water; the water began to splash the dog; the dog began to chase the pig and ... the pig jumped over the fence.

The old woman gave a big sigh and walked home. "At last," she said.

What time did she and her pig get home? Nobody knows. But if this old woman lives near you and you do know, please tell us.

**Tell us if you liked the story, *The old woman and her pig* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.**

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokugcina yendaba yesalukazi esasicela usizo lapho sizama ukufika nengulube yaso ekhaya kungakahlwi.

### Isalukazi nengulube yaso (Ingxenye yesi-2)

Ixoxwa kabusha uWendy Hartmann

Manje isalukazi sase siqala ukuthukuthela – akekho owayekwazi ukusisiza! Ngakho sanquma intambo eyayisephaketheni laso sase sithi, "Ntambo, Ntambo, ngicela ubophe umnikazi webhusha. Umnikazi webhusha akafuni ukuthatha inkabi. Inkabi ayifuni ukuphuza amanzi. Amanzi awafuni ukuthelainja. Inja ayifuni ukuxosha ingulube. Ingulube ayifuni ukweqa uthango, kanti manje sengibona nonyezi. Ingulube nami bekumele ukuba sifike ekhaya emahoreni amaningi edlule!"

Kodwa intambo ayizange imbophe umninibhusha.

Kusenjalo kwadlula igundane ligijima linqamula insimu, isalukazi sase simemeza sithi, "Gundane, Gundane, ngicela ulume intambo. Intambo ayifuni ukubopha umnikazi webhusha. Umnikazi webhusha akafuni ukuthatha inkabi. Inkabi ayifuni ukuphuza amanzi. Amanzi awafuni ukuthelainja. Inja ayifuni ukuxosha ingulube. Ingulube ayifuni ukweqa uthango kanti nenyanga seyiphezulu

esibhakabhakeni. Bekufanele ukuba mina nengulube sesilungisela ukulala manje."

Lama igundane. Labuka isalukazi. "Yebo," kusho igundane, "Ngizoyiluma intambo, uma unganginginika ushizi."

Ngakho isalukazi safaka isandla saso ekujuleni kwephakethe laso, saphumputha ukuthi kukhonani, sase sikhapha ucezu oluncane lukashizi salunika igundane. Lathi uma seliqedile

igundane ukudla ushizi, laqala ukuququda intambo; intambo yaqala ukubopha umnikazi webhusha; umnikazi webhusha waqala ukuqhuba inkabi; inkabi yaqala ukuphuza amanzi; amanzi aqala ukuthelainja;inja yaqala ukuxosha ingulube ... ingulube yase yeqa uthango.

Isalukazi saphefumula kakhulu sase sihamba siya ekhaya. "Hawu, ekugcineni," kusho sona.

Ngabe safika nini nengulube ekhaya? Akekho owaziyo. Uma lesi salukazi ngabe sihlala ngakini, noma uma wazi, sicela usitshela.

**Sitshela ukuthi ngabe uyithandile yini indaba ethi, *Isalukazi nengulube yaso* – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.**



Illustration by Jiggs Snaddon-Wood  
Umdwebo wenziwe uJiggs Snaddon-Wood